

**Mvoti othandekayo
ENingizimu ne-Afrika
2016**

Bantu bakithi baseNingizimu ne-Afrika

Iqembu elibusayo selidicilele phansi ukwethenjwa abantu abakubeke kulo. Kusukela kohulumeni basekhaya kuqhubeka kuze kuyofinyelela ezingeni likazwelonke, basisenzele phansi. Lolu khetho lohulumeni basekhaya lukunikeza ithuba lokubatshengisa ukuthi usucikekile.

Ukubusa ngobuqotho kuqala ezingeni likamasipala. Kulapho lapho izwi lakho lizwakala khona nalapho izidingo zokwethulwa kwezinsiza zihlangatshezwa khona.

Kodwa njengamanje nje, ukubusa komasipala kakusebenzi njengoba kufanele kusebenze. Kukhona izinto ezidinga ukuguquka ukuze umasipala akusebenzele. Indlela yokusungula lolo guquko idlula ebhokisini lokuvota mhla zintathu ku-Agasti 2016.

Ngakho ngiyakumema ngalolu khetho oluzayo ukuba weseke ubuholi osebuzele ukwethenjwa nguwe. I-IFP ibambisane nawe ekubuseni ngobuqotho kule minyaka engama-41 edlule. Sikukhombisile okungenzeka nxa abaholi abathembekile, abaphendulayo ngomsebenzi wabo nabasebenzela obala kuba yibo abasebenzela iNingizimu ne-Afrika.

Kasikholelwa thina ekuthengeni amavoti ngezithembiso eziyize.

I-IFP inomlando ongenakuphikiswa wokuhlinzeka izindlu zezinga elifaneleyo; izindlu ezihlala zimile izizukulwane ngezizukulwane. Sakhe izikole, amakolishi namanyuvesi ukuhlinzeka imfundo yezinga eliphezulu; sahlinzeka abantu ngolwazi lokuzenzela, ukwenzela imindeni yabo nokwenzela imiphakathi yabo. Senze yakhona indlela yokufinyelela ekunakekelweni kwempilo ngokwakha imitholampilo nezibhedlela emiphakathini entulayo.

Okuphikisana kakhulu nalokhu okungenhla, uhulumeni wanamhlanje usekubonakalisile ukwehluleka kwakhe ukuhola ngobuqotho nokwethembeka.

Intando yeningi esiyisebenzele kanzima bayibeke engozini enkulu. Inkohlakalo isigxile kuwo wonke amazanga okubusa, kusukela esikhundleni esiphezulu kunazo zonke ezweni, kwehle kuze kuyofinyelela ezingeni likamasipala. Izinhlaka zikahulumeni ezizimeleyo zephucwa amandla, noMthethosisekelo wezwe ushaywa indiva. IPhalamende seliphenduke isekisi nje eselivela ezihlokwani zezindaba ngazo zonke izizathu ezingafanele.

Ukudodobala kokwethulwa kwezinsiza okungumphumela walokho sekuqubule amagagasi ezibhelu zokukhononda, ezidala indluzula nezishiya umzila wokucekela phansi lapho zedlule khona.

Abacebileyo baceba kakhulu ngenkathi abampofu beya ngokuya beba mpofu kakhulu. Ububha bephuca ababuthaka kunabo bonke imisebenzi, amakhaya, ezokuthutha eziphephileyo, ukunakekelwa kwempilo, imfundo yezinga elihloniphekileyo, amanzi okuphuza ahlanzekileyo nokusebenzamaphoyisa esikubona ngamehlo.

Manje sekuyiso kanye isikhathi sokukunqanda lokhukubola!

Izwi likanembeza liyadingeka ukuba liqinise intando yeningi. Lelo yizwi le-IFP. Sethembe...

SETHEMBE *ukuthi sizoqhuba ukubusa ngobuqotho kulowo nalowo masipala.*

SETHEMBE *ukuthi sizokwenza ukudalwa kwemisebenzi kube sekhaleni kubo bonke omasipala be-IFP.*

SETHEMBE *ukuthi sizosisiphula izimpande zenkohlakalo sibuyisele ubuqotho nokuphendula ebuholini.*

SETHEMBE *ukuthi sizolikhuphula ijubane lokwakhiwa kwezindlu ezihloniphekileyo, ngaphandle kwemicikilisho yemithetho engenasidingo, ngaphandle kwamathenda angekho emthethweni noma izithembiso ezingamanga. Yilowo nalowo muntu uyalidinga ikhaya, kakuyibo abantu abambalwa nje abalidingayo!*

SETHEMBE *ukuthi sizokuhlonipha ukusebenza komthetho sidale nokuvikeleka emphakathini wakho ukuze lowo nalowo muntu akwazi ukuphepha nokuzizwa ephephile. Abesifazane bethu nezingane zethu bafanele ukuzizwa bephephile ezitaladini zethu.*

SETHEMBE *ukuthi sizoqoka abazongenela ukhetho abazokusebenzela. Bonke abantu abangenela ukhetho egameni le-IFP bazosayina isivumelwano sokubusa ngobuqotho iqembu elizoqiniseka ukuthi siyagcinwa.*

SETHEMBE *ukuthi sizokwethula izinsiza kubo bonke abantu ngomoya woBuntu, lokho singakwenzi kwabambalwa nje ngendlela elimaza abaningi.*

ukuthi sizomemezela isomiso njengesimo esiyinhlekelele, senze izinhlelo zokutakula

umphakathi kuso, sibeke phambili ukuhlinzekwa kwamanzi ahlanzekileyo kubo bonke abantu.

SETHEMBE *ukuthi sizokusiza ukubeka ukudla etafuleni nokufumanela umndeni wakho ukunakekelwa kwempilo.*

SETHEMBE *ukuthi sizosheshisa ukwakhiwa kwemigwaqo namabhuloho, ukuze sihlinzeke ezokuthutha eziphephileyo nokuguqula isimo esikhona somgomo wokuphoyisa, sifake ukuphoyisa okubonakalayo esikhundleni sokucupha nokuyenga abantu ukuba benze amacala.*

SETHEMBE *ukuthi sizobambisana nezikole ukuhlinzeka izingane zethu ngendawo engcono yokufundela.*

I-IFP inamava okubusa kahle. Siyakwazi okufanele kwenziwe futhi sizimisele ukukwenza. Sinombono owodwa nenjongo eyodwa, okungusebenzela bonke abantu baseNingizimu ne-Afrika.

Ngakho ngiyakumema ukuba uvotele ikusasa ongalilangazelela, ikusasa izingane zakho ezingalangazelela ukulifumana njengefa lazo, nekusasa okuzosizakala ngalo bonke abantu baseNingizimu ne-Afrika, ngokuvotela ubuholi ongabethemba.

Sizoqiniseka ukuthi izinhlelo ze-IFP zokusebenza komasipala ziyahambisana nalo mbhalo wezithembiso zokhetho.

Votela i-IFP ngomhla zintathu ku-Agasti 2016 ukuze ufumane izinsiza ezinhle ezingeni lasekhaya nohulumeni ophendulayo ngokusebenza kwakhe.

Votela i-IFP, ngaleyo ndlela uthumele umlayezo onamandla eqenjini elibusayo ukuthi ukubola kuphela khona **MANJE**.

VOTELA I-IFP!

**NGUMNTWANA MANGOSUTHU BUTHELEZI ILUNGU LEPHALAMENDE
UMENGAMELI WEQEMBU LENKATHA YENKULULEKO**